



It starts with a story...

## Let's read, Dad!


Parents who read to their children every day and talk about what they are reading together, promote a joy of reading and help their children on their path to literacy. And fathers have as much of a role to play in supporting their children's reading and writing development as mothers do!

Research over the last twenty years tells us that fathers strengthen their children's development when they are actively involved and interested in the lives of their children. There is no single "right" way for fathers to do this. Nor do fathers have to live with their children to make a positive difference. And you can be a father-figure for a child even if you are not the child's biological father.

Four out of five men will be fathers in their lifetime. There are many different ways that dads can connect with their children – playing together, talking together, doing activities together, going to school events, helping with homework. But books and reading provide a special and easy way to connect with your children, and there are other benefits too! "The amount of time fathers (or father-figures) spend reading with their children, is one of the best ways of predicting how well their children will read and write," says Front Page Father, an organisation that works to create awareness of the value of fathers being actively involved in their children's lives.

Dads who read to their children are reading role models for them. They show their children that literacy is important and that reading is an enjoyable, satisfying activity. Here are five easy ways to use reading and writing to connect with your children.

1. Read to your child regularly – no matter how old they are! Reading stories together opens your children's eyes, minds and hearts to different people and situations. It expands your children's horizons, develops their literacy and helps you to build a strong and loving relationship.
2. Write a note encouraging your child and put it in their lunchbox or in a textbook of their most difficult school subject. Children appreciate this, especially during exam or test times.
3. With older children, use social media like Facebook and Whatsapp to stay in touch with them.
4. Tell your children stories about when you were their age. Or, tell them the stories that you enjoyed as a child.
5. Take an interest in what your children are reading and like to read. Spend time talking to them about books and stories. When you show an interest in what they are reading, it lets them know that you think reading is important.



## Ake sifunde, Baba!

Abazali abafundela izingane zabo nsuku zonke nabakhuluma ngalokho abakufundayo ndawonye bagqugquzela ukuthokozela ukufunda, futhi basiza izingane zabo endleleni yazo eya ekwazini ukufunda nokubhala. Kanti nobaba banendima, njengomama, okumele bayidlale ekwesekeni ukuthuthuka ekwazini ukufunda nokubhala kwezingane zabo!

Ucwaningo eminyakeni engamashumi amabili eyedlule lusitshela ukuthi obaba baqinisa ukuthuthuka kwezingane zabo uma bezibandakanya ngqo futhi benendaba nokwenzeka ezimpilweni zezingane zabo. Ayikho indlela eyodwa "efanele" obaba abangenza ngayo lokhu. Akudingekile nokuthi obaba bahlale nezingane zabo ukuze babe negalelo elihle kuzo. Futhi ungabamba iqhaza likababa enganeni noma ngabe ingeyona eyakho oyizalayo.

Amadoda amane kwamahlanu azoba ngobaba ezimpilweni zawo. Ziningi izindlela ezahlukene obaba abangaxhumana ngazo nezingane zabo – ukudlala ndawonye, ukuxoxa ndawonye, ukwenza imisebenzi ndawonye, ukuya emicimbini yasesikoleni, nokusiza ngokwenza umsebenzi wesikole owenzelwa ekhaya. Kodwa izincwadi kanye nokufunda kuhlazeka ngendlela ekhethekile futhi elula yokuxhumana nezingane zakho, kanti kunezinye izinzuzo futhi! "Ubungako besikhathi obaba (noma abasendaweni kababa) abasichitha befunda nezingane zabo, ngenye yezindlela eziphambili zokubikezela ukuthi izingane zabo zizokwazi kahle kanjani ukufunda nokubhala," kusho iFront Page Father, inhlangothi esebenza ngokuqwashisa ngokubaluleka kokuzibandakanya ngqo kobaba ezimpilweni zezingane zabo.

Obaba abafundela izingane zabo bayizibonelo ezinhle zokufunda kuzo. Bakhombisa izingane zabo ukuthi kubalulekile ukwazi ukufunda nokubhala nokuthi ukufunda kungumsebenzi othokozelekayo, noweneliso. Nazi izindlela ezinhlanu ezilula zokusebenzisa ukufunda nokubhala ukuze uxhumane nezingane zakho.

1. Fundela ingane yakho njalo – noma ngabe indala kangakanani! Ukufunda izindaba ndawonye kuvulela amehlo ezingane zakho, imiqondo kanye nezinhliziyo zazo ebantwini abahlukene nasezimweni ezahlukene. Kunweba umkhawulo wezingane zakho, kuthuthukise ukwazi kwazo ukufunda nokubhala, futhi kusize ekwakheni ubudlelwane obuqinile, obunothando.
2. Bhala incwajana yokukhuthaza ingane yakho bese uyifaka esitsheni sayo sesidlo sasemini noma encwadini yesifundo esinzima kakhulu kuyo. Izingane ziyakuthanda lokhu, ikakhulukazi ngezikhathi zezivivinyo noma zokuhlola.
3. Ezinganeni ezindadlana, sebenzisa izingosi zezokuxhumana ezifana noFacebook kanye noWhatsapp ukuze uhlale uxhumane nazo.
4. Xoxela izingane zakho izindaba ezimayelana nesikhathi usengangazo. Noma, uzixoxele izindaba owawuzithokozela useyingane.
5. Khombisa intshisekelo kulokho okufundwa yizingane zakho nalokho ezithanda ukufunda. Yiba nesikhathi nazo nixoxa ngezincwadi kanye nezindaba. Uma ukhombisa umdlandla kulokho ezikufundayo, kuzenza zazi ukuthi ukufunda kubalulekile.

We will be taking a break until the week of 31 July 2016. Join us then for more Nal'ibali reading magic!

Sizoke sithathe ikhefu kuze kube isonto lomhla zingama-31 kuNtulikazi wezi-2016. Hlanganyelani nathi ngaleso sikhathi ukuze nithole omunye umlingo wokufunda wakwaNal'ibali!



Drive your imagination

Story Power.  
Bring it home.  
Walethe ekhaya amandla endaba.





## Nal'ibali news

**Each year on World Read Aloud Day, Nal'ibali reminds South Africans about the benefits of reading aloud to children.**

In 2014, we read aloud to 50 000 children. In 2015, we reached 166 360 children. And this year, thanks to parents and other caregivers, teachers, librarians, our partner organisations, and other people passionate about literacy, we read to 365 849 children – that's more than double last year's number and a new record for Nal'ibali and South Africa!

In preparation for World Read Aloud Day on 24 February 2016, we produced a special story, *Neo and the big, wide world* that was illustrated by Rico and featured the well-loved Nal'ibali character, Neo. The story was available in all 11 official languages, as well as in Braille and South African Sign Language through our partnership with Blind SA and Sign Language Education and Development. You can still find the story (including the sign language version) on our website: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).

On 24 February 2016, there was a lot going on!

- ★ Famous singer, Yvonne Chaka Chaka, and Orlando Pirates Football Club joined forces with us to spread the power of stories across South Africa. Yvonne, together with players from the Orlando Pirates Football Club, read our special World Read Aloud Day story to children in isiZulu at the Orlando Stadium.
- ★ The Gauteng and KwaZulu-Natal Departments of Basic Education, Rotary District 9350, loveLife Nongoma, Family Literacy Project and Zisize Ingwavuma Educational Trust, rose to the challenge and launched Nal'ibali reading clubs at schools in their provinces.
- ★ Over 160 supporting partners in six provinces held read-aloud events.
- ★ Bargain Books distributed special World Read Aloud Day story cards to customers at a number of their stores.
- ★ A multitude of radio partners across the country broadcast readings of the story.

World Read Aloud Day is a success because ordinary people step up to make a difference in their homes and communities. Every read-aloud session, whether it is with one child or a thousand children, helps to kick-start a culture of reading in South Africa. So, thank you for helping us to set a new World Read Aloud Day record, and remember to keep reading to children every single day of the year!



## Izindaba zakwaNal'ibali

**Minyaka yonke ngoSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu, uNal'ibali ukhumbuza abantu baseNingizimu Afrika ngezinzuzo zokufundela kakhulu izingane.**

Ngowezi-2014, safundela kakhulu izingane ezibalelwa ezi-50 000.

Ngowezi-2015, sifinyelele ezinganeni eziyizi-166 360. Kanti kulo nyaka, sibonga abazali kanye nabanakekela izingane, othisha, abasebenzi basemitatsheni yezincwadi, kanye nezinhlangano ezisebenzisana nathi, kanye nabanye abantu abanentshisekelo ngokwazi ukufunda nokubhala, sifundele izingane eziyizi-365 849 – kungaphezu kwenani eliphindwe kabili kunelanyakenye kanye nerekhodi elisha likaNal'ibali neNingizimu Afrika!

Ukulungiselela Usuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu mhla zingama-24 kuNhlolanja wezi-2016, sikhiqize indaba ekhethekile, *UNeo nomhlaba omkhulu*, obanzi eyayidwetshelwe imifanekiso nguRico futhi eyayingomlingiswa othandwayo wakwaNal'ibali, uNeo. Indaba itholakala ngezilimi ezisemthethweni eziyi-11, kanye nangeBhreyili noLimi LwaseNingizimu Afrika Lwezimpawu, ngokubambisana nenhlango yabangaboni iBlind SA, kanye nefundisa ulimi lwezimpawu iSign Language Education and Development. Usengayithola indaba (kuhlanganiswa naleyo exoxwa ngokusebenzisa izimpawu) kusizindalwazi sethu ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).

Ngomhla zingama-24 kuNhlolanja wezi-2016, kwakukuningi okwakwenzeka!

- ★ Umculi odumile, uYvonne Chaka Chaka, kanye neQembu Lebholo Likanobhutshuzwayo i-Orlando Pirates bahlanganyela nathi ekusabalaliseni amandla ezindaba eNingizimu Afrika yonkana. UYvonne, kanye nabadlali beQembu Lebholo Likanobhutshuzwayo i-Orlando Pirates, bafunda indaba yethu ekhethekile yoSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu befundela izingane ngesiZulu e-Orlando Stadium.
- ★ IMinyango Yemfundo Eyisisekelo yaseGauteng naKwaZulu-Natali, iRotary District 9350, iloveLife Nongoma, iFamily Literacy Project kanye neZisize Ingwavuma Educational Trust, zemukela le nselele zase ziqalisa amathimba okufunda akwaNal'ibali ezikoleni zezifundazwe zazo.
- ★ Bevile e-160 abaxhasi abasesekayo ezifundazweni eziyisithupha ababa nemicimbi yokufunda kakhulu.
- ★ UBargain Books wasabalalisa amakhadi ezindaba akhethekile oSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu kumakhasimende ezitolo zakhe ezingana.
- ★ Esisebenzisana nabo kwezokusakaza ngomoya abaningi ezweni lonkana basakaza ukufundwa kwendaba.

Usuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu luyimpumelelo ngoba nabantu nje benze umehluko emakhaya kanye nasemiphakathini yabo. Umhlangano ngamunye wokufunda kakhulu, noma ngabe unengane eyodwa noma izingane eziyinkulungwane, usiza ukuqalisa usiko lokufunda eNingizimu Afrika. Ngakho-ke, siyanibonga ngokusizisa ukuthi senze irekhodi elisha loSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu, futhi nikhumbule ukuhlale nifundela izingane usuku nosuku lonyaka!

“There were 457 children at our school who participated in World Read Aloud Day and proudly wore their badges the whole day! It was such a wonderful day!  
Madelyn Burger, Toevlug Primary School, Ventersdorp, North West Province

Kwakunezingane ezingama-457 esikoleni sethu ezazibandakanya oSukwini Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu futhi zazigqoke amabheji azo ngokuziqhenya usuku lonke! Kwakuwusuku oluhle kakhulu!  
UMadelyn Burger, eToevlug Primary School, eVentersdorp, eSifundazweni saseNyakatho Ntshonalanga

### NAL'IBALI ON RADIO!

Tune in to your favourite SABC radio station and enjoy listening to children's stories! To find out the days and times that Nal'ibali is on the radio, go to [www.nalibali.org/audio-downloads/](http://www.nalibali.org/audio-downloads/).



### USEMSAKAZWENI UNAL'IBALI!

Lalela isiteshi sakho somsakazo sakwa-SABC osithandayo bese uthokozela ukulalela izindaba zezingane! Ukuze uthole izinsuku kanye nezikhathi angena ngazo emsakazweni uNal'ibali, iya ku-[www.nalibali.org/audio-downloads/](http://www.nalibali.org/audio-downloads/).



Drive your  
imagination



“Once upon a time,  
These are the four words  
that have forever changed the way  
I see the world. They were the doorway  
to an unseen and unknown world for me, taking  
me on a different adventure every time I lifted up  
a book; an experience that did not cost me a thing.  
Indeed, I could travel the world at the flip of a page.”

Yvonne Chaka Chaka

Kwesukasukela. Leli yigama elilodwa eseliyiguqule  
unomphela indlela engibona ngayo umhlaba. Selibe  
umnyango ovulekela emhlabeni ongabonakali nengingawazi,  
langiyisa ohambeni olunezigigaba eziyisimanga njalo  
nje lapho ngiphakamisa incwadi; lokhu kwenzeka  
empilweni yami kungangibizi lutho. Impela,  
ngingahamba umhlaba wonke ngokuphenya  
ikhasi nje.

UYvonne Chaka Chaka



Princess of Africa, Yvonne Chaka Chaka, read to children in Soweto.

INKosazana yase-Afrika, uYvonne Chaka Chaka, yafundela izingane eSoweto.



Children from Oasis Rainbow Kidz near Grahamstown  
enjoyed listening to our special World Read Aloud Day  
story in English and Afrikaans.

Izingane zase-Oasis Rainbow Kidz  
ngaseGrahamstown zathokozela ukulalela indaba  
yethu ekhethekile yoSuku Lomhlaba Wonke  
Lokufunda Kakhulu ngesiNgisi nangesiBhunu.



In Pietermaritzburg, we celebrated World Read Aloud Day with the  
Department of Basic Education, and children from five schools. We  
were also joined by one of our Nal'ibali mascots!

EMgungundlovu, sagubha Usuku Lomhlaba Wonke Lokufunda  
Kakhulu noMnyango weMfundo Eyisisekelo, kanye nezingane  
eziphuma ezikoleni ezinhlano. Sasihlanganyele futhi nelinye  
lamamaskoti (umlethi wenhlanhla) akwaNal'ibali!



“I read *Neo and the big, wide world* to 200  
children - from three-year-olds to  
eleven-year-olds! What a special day. I  
loved the bigger children asking me to stay  
and read more!”

Jillian Nel, Udobo School, Durban, KwaZulu-Natal

Ngifundele izingane ezingama-200 incwadi,  
UNeo nomhlaba omkhulu, obanzi - kusukela  
kwezineminyaka emithathu ukuya kwezineminyaka  
eyishumi nane! Kwaze kwaba usuku olukhethekile!  
Ngikuthandile ukucelwa yizingane ezindala  
ukuthi ngihlale bese ngizifundela futhi!!  
UJillian Nel, Udobo School, eThekwini,  
KwaZulu-Natali

“Our #WRAD16  
event was our favourite  
moment of the year. It inspires me  
so much to see children reading, and to  
know that I have been able to be a part of  
this process!”

Melusi Sibiya, dedicated literacy activist who has  
started 17 reading clubs in KwaZulu-Natal

Umcimbi wethu we-#WRAD16 wawuyisikhathi  
sethu sonyaka esasithanda kakhulu. Kunginika ugqozi  
kakhulu ukubona izingane zifunda, kanye nokwazi  
ukuthi ngikwazile ukuba yingxenye yalolu hlelo!  
UMelusi Sibiya, ozinikele ekukhuthazeleni  
ukwazi ukufunda nokubhala oseqale  
amathimba okufunda ayi-17  
kwelaKwaZulu-Natali

“What a day!  
Today's read-aloud sessions  
took learners on a magical journey  
to different places and they met  
different characters along the way ... the  
kids absolutely loved it!”

Cindy Meyer, Star College Bridgetown,  
Cape Town, Western Cape

Lwaze lwaluhle usuku! Umhlango wanamhlanje  
wokufunda kakhulu uhambise izingane ohambeni  
oluya ezindaweni ezahlukene futhi zihlangene  
nabalingiswa abehlukene endleleni ... izingane  
zikuthande kakhulu lokhu!  
UCindy Meyer, eStar College Bridgetown,  
eKapa, eNtshonalanga Kapa

Drive your  
imagination







## Get story active!

Here are some ideas for using the two cut-out-and-keep books, *The first day of forever* (pages 5, 6, 11 and 12) and *Shongololo's shoes* (pages 7, 8, 9 and 10), as well as the Story Corner story, *Stone soup* (pages 14 and 15). Choose the ideas that best suit your children's ages and interests.

### The first day of forever

"The first day of forever" is the story of a day's events, told through the eyes of a child from the fishing village of Arniston in the Western Cape. In it, we learn what it feels like to be the child of a fisherman.



- ★ With your children, discuss how the narrator (person telling the story) feels about his father being a fisherman. You might also want to ask your children if they have ever felt worried about your safety.
- ★ Encourage your children to draw a picture to illustrate this sentence from the story: "When we look for the boats, when they are just little specks, far out at sea, our eyes stretch and stretch, like they are on elastic." Or, let them have fun illustrating another part of the story.
- ★ Invite your children to write their own stories about an ordinary day in their lives.

### Shongololo's shoes

Shongololo has lost his shoes. He asks the other animals if they can tell him where his shoes might be, but they are not being very helpful!



- ★ As you read the book together, talk about the different ways in which the animals are using Shongololo's shoes. Which of these ways do your children think is the cleverest? Which is the funniest?
- ★ Find all the animals from the story in the picture on pages 14 and 15 of the book. Together decide whether you think Shongololo feels happier now. Did he find all his shoes?
- ★ Let your children create their own imaginative shongololos! Cut a row from a recycled egg tray and then paint the sections different colours to make the shongololo's body and head. Cut some wool into pieces of about 5 cm long to make lots of legs. Use sticky tape to stick the legs on the inside of each section of the painted egg tray. Draw a face for the shongololo.

### Stone soup

This is a traditional story about a poor man who is hungry and only has a pot, some water and a stone with which to make soup – but he still manages to make a tasty soup that everyone can enjoy!



- ★ This story offers lots of opportunity for discussion. Try discussing some of these questions with your children.
  - ☉ Why do you think the villagers did not want to share their food with the man at the beginning of the story?
  - ☉ How would the story have been different if they had shared their food with him?
  - ☉ What do you think of what the man did when he made the stone soup? Would you have done the same?
  - ☉ What lesson/s do you think the villagers might have learnt from what happened in the story?
- ★ Use your favourite recipe to make some vegetable soup together and then enjoy sharing it afterwards.

## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nanka amacebo okusebenzisa izincwadi ozisika uzikhiphe bese uzigcina, *Usuku lokuqala lwengunaphakade*, (ikhasi lesi-5, lesi-6, le-11 nele-12) kanye nethi *Izicathulo zikaSongololo* (ikhasi lesi-7, lesi-8, lesi-9 nele-10), kanye nendaba yeKhona Lezindaba ethi, *Isobho letshe* (ikhasi le-14 nele-15). Khetha imiqondo ehambisana kangcono neminyaka kanye nalokho okuthandwa yizingane zakho.

### Usuku lokuqala lwengunaphakade

"Usuku lokuqala lwengunaphakade" yindaba engezigigaba zosuku, exoxwa isuselwa kulokho okubonwa yingane yasemzini wase-Arniston eNtshonalanga Kapa wabadoba izinhlanzi. Kuyo, sifunda ukuthi kuzwakala kunjani ukuba yingane yomdobi.

- ★ Unezingane zakho, xoxani ngendlela umxoxi wendaba azizwa ngayo ngokuba umdobi kukayise. Kungenzeka futhi ukuthi ufune ukubuza izingane zakho ukuthi ngabe zake zazizwa yini zikhathazekile ngokuphepha kwakho.
- ★ Gqugquzela izingane zakho ukuthi zidwebe isithombe ukuze zenze umfanekiso walo musho osendabeni: "Uma sibheka izikebhe, lapho zibukeka sezingamachashazana nje, laphaya phakathi olwandle, amehlo ethu alokhu enwebeka kube sengathi anelastiki." Noma, zivumele ukuthi zizithokozise ngokwenza imidwebo yenye ingxenye yendaba.
- ★ Mema izingane zakho ukuthi zibhale izindaba zazo ezimayelana nosuku olujwayelekile ezimpilweni zazo.

### Izicathulo zikaSongololo

USongololo, ishongololo, ulahlekelwe yizicathulo zakhe. Ubuza ezinye izilwane ukuthi zingamishela yini ukuthi ngabe zikuphi izicathulo zakhe, kodwa azimsizi ngalutho!

- ★ Ngesikhathi nifunda incwadi ndawonye, xoxani ngezindlela ezahlukene izilwane ezisebenzisa ngazo izicathulo zikaSongololo. Iyiphi kulezi zindlela izingane zakho ezicabanga ukuthi inobuhlakani kakhulu? Iyiphi ehlekisa ukudlula zonke?
- ★ Thola zonke izilwane zasendabeni esithombeni esisekhasini le-14 nele-15 lencwadi. Ndawonye nqumani ukuthi ngabe nicabanga ukuthi uSongololo uzizwa ethokozile yini manje. Ngabe uzithole zonke izicathulo zakhe?
- ★ Vumela izingane zakho ukuthi zizakhele awazo amasongololo ezizicabangela wona! Sika umugqa ethreyini lamaqanda elisetshenziswa kabusha bese upenda amagobolondo abe imibala ehlukeni ukuze wakhe umzimba kanye nekhandla lesongololo. Sika iwuli ibe yizingqamu ezingamasentimitha ama-5 ubude ukuze wenze imilenze eminingi. Sebenzisa ithayiphu enamathiselayo ukuze unamathisele imilenze ngaphakathi kwegobolondo ngalinye lethreyi lamaqanda elipendiwe. Dweba ubuso besongololo.


### Isobho letshe

Le indaba yomdabu emayelana nendoda empofu elambile futhi enebhodwe, amanzi kanye netshe kuphela ezokwenza ngakho isobho – noma kunjalo iyakwazi ukwenza isobho elimnandi elingathokozelwa yiwo wonke umuntu!

- ★ Le ndaba ihlinzeka ngamathuba amaningi okungaxoxwa ngakho. Zama ukuxoxisana ngeminye yale mibuzo nezingane zakho.
  - ☉ Ngabe ucabanga ukuthi kungani abantu basemzini bengazange bafune ukwabelana ngokudla kwabo nendoda ekuqaleni kwendaba?
  - ☉ Ngabe ibizokwehluka kanjani le ndaba ukuba bebabelene nayo ngokudla?
  - ☉ Ngabe ucabangani ngalokho okwenziwe indoda lapho seyenze isobho letshe? Ngabe ubuzokwenza okufanayo nawe?
  - ☉ Yisiphi/yiziphi isifundo/izifundo ocabanga ukuthi sifundwe/zifundwe abantu basemzini ngalokho okwenzeke endabeni?
- ★ Sebenzisani iresiphi yenu eniyithandayo ukuze nenze isobho lemfino ndawonye bese nithokozela ukwabelana ngalo kamuva.

### Create TWO cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
  - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
  - b) Fold it in half again along the green dotted line.
  - c) Cut along the red dotted lines.



### Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozosisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
  - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
  - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa oluhlaza okotshani.
  - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



Drive your  
imagination




We waited and we waited. The sun  
was hot, but Ma said it was not as  
hot on our heads as it was on the  
heads of the fishermen, out there in  
the boat.  
People started to come down from  
the village.  
It got hotter. When would the Emma  
come home?  
Salinda salinda. Ilanga lalishisa,  
kodwa uMa wathi lalingasisishi  
emakhanda ngendlela elalishisa ngayo  
abadobi, ababelaphaya esikebheni.  
Abantu bagala ukwehla besuka  
emzini.  
Kwakuya ngokushisa. Ngabe  
yayizobuya nini i-Emma?



## The first day of forever

### Usuku lokuqala lwengunaphakade

*A story by the children of Arniston*  
*Indaba yezingane zase-Arniston*



"The first day of forever" comes from a collection of stories written by the children of South Africa, called *Every view counts: My story – Our stories*. This collection was originally published by the Parliamentary Millennium Programme and Sunday Times ReadRight.

Story compiled by Lesley Beake. Art direction by Hybrid.

"Usuku lokuqala lwengunaphakade" luvela eqoqweni lezindaba ezibhalwe yizingane zaseNingizimu Afrika, elibizwa ngokuthi *Every view counts: My story – Our stories*. Leli qoqo laliqale lashicilelwa yiParliamentary Millennium Programme neSunday Times ReadRight.

Indaba ihlanganiswe uLesley Beake. Ukuhlelwa kwemifanekiso kwenziwe yiHybrid.

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)




It starts with a story...

UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Drive your  
imagination





“UNkosikazi uFudu uhlele azi ukuthi indoda yakhe izogcina ibuyile ekhaya,” kusho yena. UMa uvele amamathleke.

Bese esixoxela indaba kanogwaya nofudu, esesiyizwe izikhathi eziyikhulu. UMa uhlele ethi uNkosikazi uNogwaya akumele ukuba wayekhathazeke njengoNkosikazi uFudu, kodwa uBaba uvele ahleke.

“Mrs Tortoise always knows her man will come home in the end,” he says. Ma just smiles.


Then he tells us the story of the hare and the tortoise, which we have heard a hundred times already. Ma always says that Mrs Hare would not have had as much worry as Mrs Tortoise, but Pa laughs.



And then we saw the first boat, far out beyond the bay.

More people were coming down from the village. This was a special day because it was the first of the yellowtail. Tonight we would eat our favourite fish.

When we look for the boats, when they are just little specks, far out at sea, our eyes stretch and stretch, like they are on elastic. We look and look for our Pa's boat and we cannot rest until we see it.



Our fathers are the fishermen. My father is called Pieter and he works on the Emma, going out to sea on black days when the wind blows and green days when the sea throws the boat around.

Obaba bethu bangabadobi. Ubaba wami ubizwa ngoPieter futhi usebenza eku-Emma, ungena olwandle ngezinsuku ezimnyama lapho kusuke kuvunguza khona umoya kanye nangezinsuku eziluhlaza okotshani lapho ulwandle lusuke luphosa khona isikebhe ngapha nangapha.

Never will I forget that feeling. Some of the children had a tractor tube. We all carried it down to the beach. I stood in the small waves and shivered a bit, but the others shouted at me and laughed. I walked in, and the water came higher until I was diving through the waves and shouting with the others.

The happiness in my heart grew and grew – like the tractor tyre when we pump it up.

The yellowtail were in. Pa was home safely.

It was the first day of forever.


Angeke ngawukhohlwa lowo muzwa. Ezinye izingane zazineshubhu likagandaganda. Sonke salithwala saya nalo ezansi ebhishi. Ngama emagagasini amancane ngase ngiqhaqhazela kancane, kodwa abanye bangimemeza base bengihleka. Ngangena, amanzi athi ukukhuphuka ngaze ngakwazi ukushaya idadamu emagagasini futhi ngimemeza nabanye.

Injabulo yaya ngokukhula enhliziyweni yami – njengeshubhu lesondo likagandaganda uma silifutha.

Ase efikile ama-yellowtail. UBaba wayesephephile ekhaya.

Kwakuwusuku lokuqala lwengunaphakade.






Will I ever find my shoes?  
 Ngabe ngiyoke ngizithole  
 izicathulo zam?



Seen your shoes?  
 No, not me.  
 Ngibone izicathulo  
 zakho? Cha,  
 hayi mina.



We believe every child  
 should own a hundred books  
 by the age of five.  
 Become a book-sponsor and  
 help change the world.

Get involved at  
[bookdash.org](http://bookdash.org)



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment  
 campaign to spark children's potential through  
 storytelling and reading. For more information,  
 visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso wokufundela  
 ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho  
 okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda  
 izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane,  
 vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma  
 ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Drive your  
 imagination

## Shongololo's shoes Izicathulo zikaSongololo

Megan Lötter  
 Jacqui L'Ange  
 Marteli Kleyn







Izicathulo? Ezingaki?  
Hamba uyobuza  
uMakhohlwase.

Shoes? How many?  
Go ask Flamingo.



Shoes, eh? You  
should ask the  
monkeys.  
Izicathulo, e?  
Kumele ubuze  
izinkawu.




Where are all my shoes? I know I left  
them here!

Zikuphi zonke izicathulo zami?  
Ngiyazi ukuthi ngizishiye lapha!







I'm in a hurry. Go ask Frog.  
Ngiyaphuthuma mina.  
Hamba ukuyobuza uXoxo.



We're busy. Go ask Owl. She  
knows everything!  
Simatasatasa. Hamba uyobuza  
uSikhova. Wazi konke!

Hello, hello!  
Sanibonani, sanibonani!







No shoes here. Go ask Giraffe.

Akunazicathulo la. Hamba uyobuza uNdulamithi.

I haven't seen your shoes. Go ask Snail.



Angizange ngizibone izicathulo zakho. Hamba uyobuza uMnenke.



Hmm. I have an idea. Why don't you ask Lion?


Hmm. Nginecebo. Kungani ungabuzi ubhubesi?

These are yours? I'll give them all back if you come to my party!



Ngabe ngezakho lezi? Ngizokubuyisela zona zonke uma uza edilini lami!








Sase sisibona isikebhe sokugala, kude  
le nechweba.  
Kwakunabantu abaningi ababehla besuka  
emzini. Kwakuwusuku olukhethekile ngoba  
kwakuwusuku lokugala lokutholakala  
kwenhlanzi i-*yellowtail*. Kusihlwa sasizodla  
inhlanzi esiyithanda kakhulu.  
Uma sibheka izikebhe, ngesikhathi zibukeka  
zingamachashazana nje, laphaya phakathi  
olwandle, amehlo ethu ayelokhu enwebeka,  
kubese sengathi anelastiki. Silokhu sibheka  
ukuthi siphilise isikebhe sikaBaba futhi ngeke  
siphumule singakasiboni.



Today is a blue day, when the sea smiles and  
we all smile too.  
Ma and Billy and I went down early to the  
place where the boats come in. The Emma is  
sometimes the last boat in, but Pa always says,  
“Slow and steady wins the race in the end.”  
Namhlanje usuku oluluhlaza okwesibhakabhaka,  
lapho ulwandle lumamatheka khona bese nathi  
sonke simamatheka.  
UMa noBilly kanye nami sisheshe saya  
endaweni lapho kungena khona izikebhe.  
I-Emma ngesinye isikhathi iba yisikebhe  
sokugcina ukungena, kodwa uBaba uhlale ethi,  
“Ukushaya kancane ungajabhe ndawo kuwina  
umqhudlwano ekugcineni.”








Ngesinye isikhathi thina, uMa  
noBilly kanye nami, siyamesabela.  
Sonke – noBilly imbala,  
osemncane – sibala amakhanda  
asesikebheni ukuze siqinisekise  
ukuthi baphelele. Bese sibheka  
isigqoko sewuli esibomvu  
sikababa ahlale esigqokile. Bese  
izinhliziyu zethu ziphinda zijabula  
futhi uma sesisibonile.



Sometimes we fear for him,  
Ma and Billy and I. All of us  
– even Billy, who is small –  
count the heads on the boat  
to make sure they are all  
there. And then we look for  
Pa’s red woolly hat that he  
always wears. And then our  
hearts are happy again when  
we see it.



‘This time we saw the colours of the  
Emma long before the other boats. Billy  
began to dance up and down, shouting  
that our Pa’s boat was coming home.  
I’m older, so I just went to stand with  
Ma for a bit.  
“Okay, boys,” Ma said to Billy and me.  
“You can go and swim now.”



Kuleli hlandla-ke sabona imibala  
ye-Emma kuqala ngaphambi  
kokubona eyezinye izikebhe. UBilly  
waqala ukudansa eya phezulu  
naphansi, ememezela ukuthi sibuyela  
ekhaya isikebhe sikaBaba. Ngimdala  
mina, ngakho ngayoma noMa kancane.

“Kulungile, bafana,” kusho uMa kuBilly  
nami. “Ningayobhukuda-ke manje.”



# Celebrating Father's Day!

To celebrate Father's Day and the role that all men can play in inspiring children and supporting their literacy development, here are the reflections of some proudly South African men!

# Ukugubha Usuku loBaba!

Ukuze sigubhe Usuku loBaba kanye neqhaza elingabanjwa yiwo wonke amadoda ekugqugquzeleni kanye nasekweakeni ukuthuthuka ekwazini ukufunda nokubhala kwezingane zawo, nakhu okuphawulwe ngamanye amadoda anokuziqhenya ngokuba ngawaseNingizimu Afrika!



**Righardt le Roux from the Nal'ibali team, shared an inspiring father-son moment with us:**

"During South African Library Week this year, Nal'ibali and Emfuleni Library and Information Services ran an outreach programme in the Vaal Mall. From our stall near a bookshop, we had the privilege of witnessing a special moment between a father and his son. This man was helping his son of about 6 years old choose a book. What grabbed my attention was the amount of time this man spent with his son going up and down the different aisles, taking books off the shelves, looking at pictures together and talking about the books. Two hours later they were still at it! I couldn't help thinking about the personal and social development playing out in front of me. For me, this father captured everything that we are working hard to achieve: parents empowering, inspiring and connecting with their children through the magic of books."

**URighardt Le Roux wasethimbeni lakwaNal'ibali, wabelane nathi ngesikhathi esibalulekile phakathi kukababa nendodana yakhe:**

"NgeSonto Lomtapo Wezincwadi LaseNingizimu Afrika kulo nyaka, uNal'ibali kanye ne-Emfuleni Library and Information Services yaba nohlelo lokufinyelela kwabanye abantu e-Vaal Mall. Esitodlwanele sethu esiseduze nesitolo sezincwadi saba nenhlankhla yokubona okwesikhathi esikhethekile okwakwenzeka phakathi kukababa nendodana. Le ndoda yayisiza indodana yayo eneminyaka engaba yisi-6 yobudala ukuthi ikhethe incwadi. Okwangithatha amehlo kakhulu ubude besikhathi esachithwa yile ndoda yehla iphinde yenyuka ezindleleni ezahlukene eziphakathi kwamashalofu, ide ithatha izincwadi emashalofini, bebhaka izithombe ndawonye babuye baxoxe ngezincwadi lezi. Nangemva kwamahora amabili babesematasatasa benza lokhu! Angikwazanga ukuzibamba kodwa ngacabanga ngokuthuthukiswa komuntu uqobo kanye nangokwezenhlalo, engangibuka kwenzeka phambi kwami. Kimi, lo baba wenza konke esisebenza kanzima ukuthi sikuzuze: abazali abahlomisa, bafake ugqozi, futhi baxhumane nezingane zabo ngomlingo wezincwadi."



**Thabo Rakhale from Orlando Pirates told us what he thinks about reading:**

"You don't need to come from a rich neighbourhood or go to the best schools in order to read. That's the beauty of it. Reading is everywhere around you, and it gives you the ability to compete with other people mentally. The smartest and most informed people are the ones who read regularly because they have a different interpretation of life and the world around them."

**UThabo Rakhale ovela ku-Orlando Pirates usitshela ukuthi ucabangani ngokufunda:**

"Akudingeki ukuthi ube ngovela emphakathini wabantu abacebile noma ukuthi uye ezikoleni ezihamba phambili ukuze ufunde. Yilobo-ke ubuhle balokhu. Ukufunda kukuyo yonke indawo ekuzungezile, futhi kukwenza ukuthi ukwazi ukuncintisana nabanye abantu ngokomqondo. Abantu abakhali phe futhi abanolwazi oluningi kunabanye yilabo abafunda njalo ngoba bayihumusha ngendlela eyehlukile impilo kanye nomhlaba obazungezile."



**Lucky Lekgwathi from Orlando Pirates shares with us how he views reading:**

"Reading is important because it opens your world and unlocks creativity in your mind. I see it with my kids, and they love reading. When you speak to them you can hear their vocabulary is strong and it's impressive for someone so young. They get it because they read a lot."

**ULucky Lekgwathi wama-Orlando Pirates wabelana nathi ngendlela abona ngayo ukufunda:**

"Ukufunda kubalulekile ngoba kuvula umhlaba wakho futhi kuqaqa nobuciko obusengqondweni yakho. Ngibona lokhu ezinganeni zami, futhi ziyakuthanda ukufunda. Uma ukhuluma nazo uyeywa ukuthi maningi amagama ezizaziyo kanti lokhu kuhlaba umxhwele kakhulu ebantwini abancane kangaka. Bawathola ngoba bafunda kakhulu."



**Entertainer ProVerb explains how he sees his role as a father:**

"It is very important that fathers read to their children and engage with them to stimulate their young minds. This is not only to bond with them, but also to awaken in them an appetite for reading and a hunger for knowledge. Books fuel the imagination and stories ignite creativity, so as a father it's my duty and responsibility to empower my children by reading to them."

**Okwezikaqedisizungu uProVerb uchaza ukuthi ulibona kanjani iqhaza lakhe njengobaba:**

"Kubaluleke kakhulu ukuthi obaba bafunde izingane zabo futhi baxhumane nazo ukuze bakhuthaze imiqondo yazo esemincane. Lokhu akusikho kuphela okokuthi bakhe ukudlelwane nazo, kodwa kunokuvusa futhi ilukuluku lokufunda kanye nobulambela ulwazi. Izincwadi zikhwezela imicabango bese izindaba zokhela ubuciko, ngakho-ke njengobaba, kungumsebenzi kanye nesibophezelo sami ukuthi ngihlomise izingane zami ngokuzifundela."




Drive your imagination





# Stone soup

Retold by Helen Brain ★ Illustrations by Alzette Prins



Once upon a time a man was walking home after he had been travelling in different parts of Africa for many years. He was thin and hungry, and his money was gone. "I'm so tired," he said to himself as he trudged along the road. "I wish I was home in a soft bed, with a tummy full of warm food."

At last he came to a village. "Ah, here are some houses," he said to himself. "Some kind person will give me a warm meal, I'm sure." He knocked on this door and that door, but the answer was always the same:

"Go away. We don't have any food to spare."

"I'm sorry, I've got nothing."

"Go and get a job. I'm not giving you anything."

The poor man was very sad. He sat by the side of the road and sank his head into his hands. "What am I going to do?" he thought. "If I don't get food soon I will starve to death." He watched the people walking by on the road. "They are all going home to warm meals," he thought. "I wish I was one of them."



Then he had a bright idea. He made a fire and set up his cooking pot over it. He filled the pot with water and soon the water was boiling away.

"I'm going to make ..." he said loudly, "... a big pot of stone soup!"

Two women came past on their way home from the market. "What are you making?" they asked.

"Stone soup," said the man.

"Stone soup?" said one of the women. "I've never heard of that before."

"What are you going to put in it?" asked the other woman.

"I will show you right now," said the man. He dug into his pocket and pulled out a smooth round stone. "I'll put this into the pot. It is the magic ingredient. It's such a pity that I don't have an onion and a couple of carrots. If I had those it would be the best soup ever."

"Here you are," said the women. "Quick, put these in your pot."

The man put the onion and the carrots into his pot and closed the lid. A few minutes later the man tasted the stone soup. "Yum, yum, yum!" he exclaimed. "What delicious soup! I have never tasted anything as wonderful anywhere. Not even in Malawi, where some of the best soups are made."

"Please give me a taste," one of the women begged.

Her friend pushed her aside. "Me first," she said.

So the man poured some stone soup into a cup and the women tasted it. Then they smacked their lips.

"That is marvellous," the women said. "You are the best cook ever." But they were curious. "What exactly did you put in the soup?" they asked.

"I can't tell you the recipe," the man said. "It's a secret."

Then the man saw a young boy carrying a basket of morogo. He waited until the boy was close to him. He took his spoon and tasted the soup again.

"What delicious soup," he said loudly so that the boy would hear him. "I have never tasted anything as wonderful anywhere. Not even in Malawi, where some of the best soups are made. All I need to make it perfect, is a bunch of morogo."

The young boy stopped. "I'll give you the morogo you need," he said. "Then will you let me taste your soup?" he asked.

"Yes, I will," said the man. He dropped the morogo into the pot and stirred. Then he put a little bit of soup into a cup and handed it to the boy. "You'll taste the magic ingredient, of course," he said. "Isn't it wonderful?"

"Delicious," the young boy said. "I'm going to tell everyone to come and taste it."

Soon there was a queue of villagers waiting to taste the stone soup. But, before the man gave anyone a taste, he asked the villagers to give him a sweet potato, a meaty bone and a pinch of salt and pepper. He added all these to the soup. The mixture bubbled away, getting thicker and tastier by the minute.

More people joined the queue. Everyone wanted to add something to the soup. And the more things the people added, the better the soup tasted, and the longer it lasted.



By nightfall everyone had eaten their fill and the pot was empty. Everyone was smiling and happy. "This man is a master chef," they said. "He must have learnt to cook at a king's palace in Malawi."

"That is the best soup I've ever tasted," the mayor told the man. "Come and sleep at my house tonight, in a soft bed with a warm blanket. In the morning you can teach my cook how to make your soup."

The man smiled as he washed out his empty pot. It really had been the best soup ever, and it had not cost him a cent. Then the man put the stone into his pocket, picked up his pot and off he went to the mayor's house for a good night's sleep.





Kwesukasukela, kwakukhona indoda eyayiya ekhaya ngemva kokuhamba izindawo eziningi ze-Afrika iminyaka eminingi. Yayizacile futhi ilambile, ingasenamali. “Ngaze ngakhathala bo,” kusho yona ngesikhathi ibashazela emgwaqweni. “Ngifisa sengathi ngabe sengisekhaya embhedeni othambile, nesisu sami sigcwele ukudla okufudumele.”

Ekugcineni yafika emzini. “Ehhe, nazi izindlu,” izitshela. “Kukhona umuntu onomusa ozonginika ukudla okufudumele, ngiqinisekile.” Wangqongqoza kulo mnyango nakuloya mnyango, kodwa impendulo yayilokhu ifana:

“Hamba. Asinakho ukudla esingakupha khona.”

“Uxolo, anginalutho.”

“Hamba uyofuna umsebenzi. Angizukunikisa lutho.”

Indoda yabantu yayidangele kakhulu. Yahlala eceleni komgwaqo yase igebisa ikhanda layo ilibeka ezandleni zayo. “Ngizokwenzenjani?” izicabangela. “Uma ngingakutholi ukudla ngokushesha ngizobulawa yindlala.” Yabuka abantu abedlula ngomgwaqo. “Bonke baya emakhaya bayothola ukudla okushisayo,” kucabanga yona. “Ngifisa sengathi bengingaba ngomunye wabo.”



Kusenjalo yafikelwa yiqhinga elihlakaniphile. Yabasa umlilo yase ibeka ibhodwe layo kuwo. Yaligcwalisa ngamanzi kanti kungekudala ase ebila amanzi.

“Ngizokwenza ...” isho kakhulu, “... isobho letshe eligcwele ibhodwe elikhulu!”

Kwadlula abesifazane ababili begoduka besuka emakethe. “Wenzani?” kubuza bona.

“Isobho letshe,” kusho indoda.

“Isobho letshe?” kusho omunye wesifazane. “Angikaze ngizwe ngalo phambilini.”

“Uzofakani kulo?” kubuza owesifazane.

“Ngizokukhombisa khona manje,” kusho indoda. Yafaka isandla sayo ephaketheni yakhipha itshe elibushalelezi eliyindilinga. “Ngizofaka leli litshe ebhodweni. Liyisithako esinomlingo. Ngeshwa-ke anginawo u-anyanisi kanye nezaqathi ezimbalwa. Uma benginalokho bengizokwenza isobho elimnandi ngokwedlulele.”

“Nakhu,” kusho abesifazane. “Sheshisa ufaka lokhu ebhodweni lakho.”

Indoda yafaka u-anyanisi kanye nezaqathi ebhodweni yase ivala isivalo. Ngemva kwemizuzu embalwa indoda yezwa isobho letshe. “Yum, yum, yum!” kumemeza yona. “Laze lamnandi isobho bo! Angikaze ngilizwe ndawo elifana nalo. NaseMalawi imbala, lapho kwenziwa khona amanye amasobho anambitheka kamnandi kakhulu.”

“Ake ungizwise,” kuncenga omunye wabesifazane.

Umngani wakhe wamdudulela eceleni. “Akaqale ngami,” kusho yena.

Ngakho-ke indoda yathela isobho letshe enkomishini lase lizwiwa ngabesifazane. Bakhotha izindebe zabo.

“Laze lamnandi bo,” kusho abesifazane. “Ungumpheki ophambili ngempela.” Kodwa babefisa ukwazi kabanzi. “Ngabe empeleni ufakeni esobheni?” kubuza bona.

“Angeke ngikwazi ukunitshela iresiphi,” kusho indoda. “Iyimfihlo.”

Indoda yabona umfanyana ethwele ubhasikidi wemifino. Yalinda umfana waze waba seduze nayo. Yathatha isipuni sayo yase izwa isobho futhi.

“Laze lamnandi isobho bo,” isho kakhulu ukuze umfana ayizwe. “Angikaze ngilizwe ndawo elifana nalo. NaseMalawi imbala, lapho kwenziwa khona amanye amasobho aphambili ngempela. Sengidinga nje kuphela isixhawu semifino, ukuze ngilenze libe mnandi ngokungefaniswe.”

Umfanyana wama. “Ngizokunika yonke imifino oyidingayo,” kusho yena. “Uzobe-ke sewungivumela ukuthi ngizwe isobho lakho?” kubuza yena.

“Yebo, ngizokwenzenjalo,” kusho indoda. Yaphonsa imifino ebhodweni yase igovuza. Yase ithela isobho elincane enkomishini yalinika umfana. “Phela uzozwa isithako esinomlingo,” kusho yona. “Ngabe kodwa alehli esiphundu?”

“Lehla esiphundu,” kusho umfanyana. “Ngizotshela wonke umuntu ukuthi eze azolizwa.”

Ngokushesha kwase kunojenga lwabantu basemzini ababelinde ukuzwa isobho letshe. Kodwa, ngaphambi kokuba indoda ivumele noma ubani ukuthi alizwe, yacela abantu basemzini ukuthi bayinike ubhatata, ithambo elinenyama kanye nosawoti nophepha omncane. Yafaka konke lokhu esobheni. Ingxube yabila, iya ngokujiya nokuba mnandi umzuzu nomzuzu.

Baya ngokwanda abantu abangena ojengeni. Wonke umuntu wayefuna ukufaka okuthile esobheni. Kanti lapho abantu bengeza okuthile, laya ngokunambitheka kangcono isobho, futhi lalokhu likhona isikhathi eside.



Ngokushona kwelanga kwase kusuthi wonke umuntu, nebhodwe selingasenalutho. Wonke umuntu wayemamatheka futhi ejabulile. “Le ndoda ingumpheki onekhono,” kusho bona. “Kungenzeka ukuthi ifunde ukupheka esigodlweni senkosi eMalawi.”

“Leli isobho elimnandi elidlula wonke engake ngawezwa,” kusho imeya endodeni. “Woza uzolala kwami kusihlwa, embhedeni ontfontofto nobhulankethi ofudumele. Ekuseni uzofundisa ongiphekelayo ukuthi liphekwa kanjani isobho lakho.”

Indoda yamamatheka yase igeza ibhodwe layo elingenalutho. Nembala kube yisobho elimnandi ukudlula wonke, kanti yayingazange ilikhokhele nesenti leli. Indoda yafaka itshe layo ephaketheni, yaqukula ibhodwe layo yase ihamba iya endlini yemeya ukuze iyolala kahle.



# Nal'ibali fun

Have fun celebrating Father's Day in June by making a card for your dad or for someone who is like a father to you.

## Follow these instructions.

1. Cut out the card along the red dotted line.
2. Fold the card along the black dotted line.
3. Glue the two parts together.
4. On the side with the picture, write a message to the person you will give the card to. Colour in the picture.
5. On the other side, draw a picture of you and this person together, or write a poem or a longer message.



# Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

Zithokozise ngokugubha Usuku Lobaba ngoNhlanguvana ngokwenza ikhadi likababa wakho noma lomunye umuntu ofana nobaba kuwe.

## Landela le miyalelo.

1. Sika ikhadi ulandele imigqa ebomvu.
2. Songa ikhadi ulandele umugqa wamachashazi amnyama.
3. Namathisela ndawonye ngegulu izingxenye ezimbili.
4. Ecaleni elinesithombe, bhala umlayezo ubhalele umuntu ozomnikeza ikhadi. Faka umbala esithombeni.
5. Kwelinye icala dweba isithombe sakho nalo muntu nindawonye, noma ubhale inkondlo noma umlayezo omude.



Don't forget that we will be taking a break until the **week of 31 July 2016**. Enjoy the winter holidays, and join us after the holiday for more Nal'ibali reading magic! In the meantime, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) to find stories and reading-for-enjoyment inspiration.



Visit us on Facebook:  
[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)  
Sivakashela ku-Facebook  
ku-[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)

Ungakhohlwa ukuthi sizothatha ikhefu kuze kube isonto langomhla zingama-31 kuNtulikazi wezi-2016. Thokozela amaholide asebusika, bese uhlanganyela nathi ngemva kwamaholide ukuze uthole omunye umlingo wokufunda kwakwaNal'ibali! Okwamanje, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) ukuze uthole ezinye izindaba kanye nokukuvusa usinga kokufundela ukuzithokozisa.

Produced for Nal'ibali by the Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Times Media Education. Translation by Busisiwe Pakade. Nal'ibali character illustrations by Rico.

Daily Dispatch

The Herald

Sunday Times

SundayWorld



Drive your imagination